

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNIZ WILLIES  
MCHUNU EMCIMBINI WOKULAPHA IZILONDA ZEZINGOZI ZOMGWAQO  
EMSINGA MHLAKA 10 OCTOBER 2010**

Mphathi wohlelo;

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi uDkt Meshack Radebe;

UNgqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo;

Amakhosi aseNdunkulu;

Izinduna;

IMeya ehloniphekile;

Amakhansela;

Umphakathi wamakholwa ngaphansi kwe-Interfaith Committee;

Izinhlaka zomphakathi zonke ngokwehlukana kwazo;

Abezindaba;

Bafowethu nodadewethu;

Nginyanibingelela nonke.

Mangiqale ngokunibonga nonke enikwazile ukuphumelela uma sinimema kulo mcimbi wanamhlanje. Siyazi ukuthi ngalolu suku lwanamhlanje iningi lethu liba matasatasa ngemicimbi ehlukeni emindenini nasezihlotsheni. Siyazi futhi ukuthi abanye bethu kuba nzima ukuphutha ezinkonzweni zabo. Sithi siyabonga ukuthi nonke nisihloniphile uma simemeza njengoHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu uKhabazela, sibonga kakhulu.

NgesiZulu kuthiwa ithi ingaba nkulu ingabe isazekeka. Yikho-ke lokhu osekwenze sathi njengemiNyango kaHulumeni ake siphume sibheke abantu bakithi ababhekene nesimo esaziyo sonke ukuthi uma usubhekene naso kuba nzima ngisho ukuyizekela abanye ngoba usuke ungazange uhlele lutho lokubhekana naleso simo.

Nami mhlambe ngizoke ngibe nesibindi manje ngoba njengoNgqongqoshe wezokuThutha ayikho engihlukumeza kulo Mnyango njengokubhekana nale nto eyenzeka emigwaqeni yethu. Ngiyabonga kakhulu kozakwethu abavumile ukuthi ke siyiphake ngokuhlanganyela manje le mpi yokulwa nezingozi zomgwaqo ngoba vele phela ukuze inqotshwe kudingeka ukuthi wonke uHulumeni ubambe iqhaza ngokubambisana nayo yonke imikhakha emiphakathini.

Sekukaningi siyichaza indaba yokuthi eNingizimu Afrika sibhekene nenkinga emigwaqeni yethu. Wake wakuzwaphi ukuthi izwe lingalahlekelwa ngabantu abangabi ngaphansi kuka-40 kulimale kanzima abangekho ngaphansi kuka-140 nsuku zonke? Lokhu akugcini nje ngokuthi kube nobuhlungu obungefaniswe kwabathintekile nemindeni yabo, kodwa kudla nemali yabakhokhi bentela ebalelwa ku-R56 billion ngonyaka.

Manje uma ubheka igebe esisadinga ukulivala ekwakhiweni kwemigwaqo, ukulethwa kwezidingo zezempilo nokuthuthukiswa komphakathi kwezenhlalakahle, uyabona nje ukuthi ngempela izingozi zomgwaqo zisihlehlisela emuva kanjani.

Manje mphakathi, ikhwela esifuna ukulihlaba lapha ngokuthi make sikufake ngaphakathi ezinhliziyweni zethu ukuphepha emgwaqeni njengengxenye yempilo yethu. Abantu kumele baqale manje baqonde ukuthi uhulumeni akaqondile ukubabangela isicefe kodwa usiza bona. Sivamile ukubona uma kunesifo esiqubukile uMnyango usabalalisa ulwazi ngaleso sifo kodwa ngokushesha bese kuba yibona abantu abaqaphela ukuthi baziphathe ngendlela ezogwema ukubhebhethaka kwaleso sifo. Uthola kukhulunywa ngaso ematekisini, emasontweni nakwezinye izindawo okuhlanganelwa kuzona. Sibona ukuthi sekuyisikhathi sokuthi ezokuphepha emgwaqeni zibe kulelo zinga.

Izingozi zomgwaqo nokufa kwabantu kunomthelela omkhulu kwinhlobo-mnotho emindenini nasezweni. Njengoba imizi ephethwe izingane idaleka nge-HIV/AIDS, iyadaleka futhi ngokufa kwabantu emgwaqeni okusuke kungabantu abondla imindeni yabo. Lokhu kuphenduka kube ngumthwalo woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi neSouth African Social Security Agency ngaphansi kobuholi bukaBhungane. Siyanibonga Bhungane ngokuhlale niba nathi ukubhekela le mindeni esuke isenkingeni. Siyazazi futhi izindleko oDinangwe abangena kuzo ngalezi zingozi.

Into esuke idabukise nje ngezingozi yindlela abantu abafa kabuhlungu ngayo bengasakwazanga nokuzilungiselela. Njengoba kade ngisho ukuthi abanye basuke bondla imindeni, bafa besendleleni beyosebenzela izingane zabo. Abanye kuba yintsha yakithi, ikusasa lethu, esuke iya ezikoleni ukuze iqinisekise ukuthi ikusasa layo liba ngcono. Manje ngenxa yobudedengu bomunye umuntu uthole ukuthi kuyashabalala konke lokho.

Manje-ke sithi njengoHulumeni siyazi konke lokhu kushiya abasele ngemuva kungekho okubalungiselela ngokomqondo nangokwezimali ukubhekana nobunzima. Yingakho sithi sizoqala lapha eMsinga sethule uhlelo esithi i-Healing of the Wounds, okusho ukuthi silapha amanxeba. Sizama ukuhlanganisa iminyango kaHulumeni, izinhlaka zezenkolo namakhosi ukuba kulekelelwe imindeni ethintekile. Sifuna ukubheka isimo kusuka kwezempilo, izibonelelo zesondlo sikaHulumeni kuya ekunxeshezweni yiRoad Accident Fund (RAF).

Asiqondile ukuwavusa amanxeba kodwa sifuna ukugcina umgomo wethu wokuthi uma sithi singuHulumeni onakekelayo sisuke singakhohlisi muntu. Siyazi ukuthi nalapha eMsinga sekuke kwaba nezigameko zokulimala kwabantu kusuka kulesi sangeminyaka edlule lapho iloli laphaphalaza lashayisa abantu endaweni yokuholela impesheni.

Sengikushilo konke lokhu, ngithanda ukuveza okumbalwa esithi njengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal egameni lokuphepha kwabantu abahamba esifundazweni sethu sizibophezele kukona manje.

Njengamanje sesiqhamuke nohlaka esihlose ngalo ukucaba indlela ezoletsa umphumela ongcono kwezokuphepha emgwaqeni oluzohlenganisa uHulumeni, abamabhizinisi nomphakathi wonkana. Sesizibophezele ekwakheni isimo esiphephile emgwaqeni ngokuthi sinciphise ukufa kwabantu emgwaqeni ngo-5% phakathi kuka-2010 no-2015.

**Ukufundisa ngezokuphepha emgwaqeni ezikoleni:**

Ukufundisa ngezokuphepha emgwaqeni kumele kube ngesinye sezifundo ukusukela emazingeni aphansi ukuya kwaphezulu ezikoleni – kudidiyelwe ezokuphepha emgwaqeni nesifundo se-Life Orientation esifundisa ngendlela yokuphila. UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natali uzongena esivumelwaneni noMnyango wezeMfundo ukubhekelela ukusebenza kwezinhlelo zezifundo zokuphepha emgwaqeni ezikoleni.

**Ukuphuculwa kwezidingo uma kuhlolwa abashayeli:**

Abashayeli abasabancane nabasaqala babhekana nengcindezi enkulu ngesikhathi sekumele bazishayelege ngabodwana engasekho obafundisayo. Ukungabibikho kolwazi, umkhuba wokuthatha amashansi ayingozi kanye nezinye izinto ezithikamezayo konke kuholela ekwenyukeni kwezinga lezingozi kulabo bashayeli abasebancane nabangakajwayeli ukushayela. Yingakho kubalulekile ukuthi kube nesibalo samahora noma amakhilomitha emigwaqeni ngokwehlukana kwamalayisensi ngaphambi kokuthi lowo ofundayo athole izincwadi zokushayela.

### **Ukuqeqeshwa kabusha kwabaphula umthetho bephindelela:**

Kunohlelo lokuqeqesha kabusha abashayeli abaphula umthetho bephindelela. Sizobheka ukuthi umuntu usetholakale kangaki enamacala omgwaqo bese simfaka kulolu hlelo. Lolu hlelo sifuna luhambisane nalolu olwethulwe uManzankosi kuzwelonke lwe-Administrative Adjudication of Road Traffic Offence (AARTO). Ngesikhathi sokuqeqeshwa kabusha umshayeli uzobhekwa isimo sakhe ngokomzimba (ukusebenza kwamehlo nokuthi akanako yini ukukhubazeka okuthile).

### **Ukuchaya amagama ezaphulamthetho kwabezindaba:**

Sesithathe isinqumo sokusebenzisana nenhlangano ezimele iSouth Africans Against Drunk Driving (SADD) emkhankasweni wokudalula amagama alabo abasihluphayo ngokwephula imithetho emgwaqeni. Sizoxhumana noMnyango wezoBulungiswa ukuthi sithole amagama ukuze umphakathi wazi ukuthi obani laba abasidalela inkinga yokufa kwabantu emigwaqeni yethu. Kungaba yinto enhle-ke ukuthi sonke esikhona lapha singazitholi sesikuloluhla.

Mphathi wohlelo, mangibonge ngethuba ngigcine ngokunxusa ukuthi sonke esilapha siphume ngobuningi bethu siyokuba ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni. Njengoba sesingena esikhathini sikaKhisimusi nje, sonke masizibophezele ukuthi sizowudla siphila singene onyakeni ozayo siphila ngokuthi siziphathe kahle emgwaqeni.

**Ngiyabonga.**